

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

53/2014 Intshumayelo ngesonto 19 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 26. 10. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lomkhosi, lolusuku, lithi: **"Ngiphulukise, Jehova, ngiphuluke; ngisindise, ngisindiswe, ngokuba uludumo lwami,"** Jer. 17:14.

1. Iculo 280/186

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, singcwelise ngeqiniso lakho; iZwi lakho liyiqiniso. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Levitikusi 16:15-22;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseEfesu 4:22-43;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe Mareko 2:1-12.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 181/181

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Izwi lentshumayelo ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku-Eksodusi 34:4-10, lithi: "Wayesebaza izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala; uMose wavuka ekuseni kakhulu, wakhuphukela entabeni yaseSinayi, njengalokho uJehova emyalile; waphatha ngesandla sakhe izibhebhe ezimbili zamatshe. UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova. UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novamé ubumnene neqiniso, ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine. UMose washesha wakhothamela emhlabathini, wakhuleka. Wathi: Nkosi, uma ngifumene umusa emehlweni akho, iNkosi mayihambe iphakathi kwethu, ngokuba bangabantu abantamo ilukhuni; usithethelele ububi bethu nokona kwethu, usithathe sibe-yifa lakho. Wayesethi: Bheka, ngiyenza isivumelwano; phambi kwabantu bonke bakho ngiyakuzenza izimangaliso ezingazange zenziwe emhlabeni wonke nakusiphi

isizwe; bonke abantu okhona phakathi kwabo bayakuwubona umsebenzi kaJehova, ngokuba kuyesabeka lokhu engikwenza kuwe." Amen.

.8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, inkosi uDavide uyaqinisa okulotshiwe lapha ephistoleni leSonto lanamuhla. Uyahlanganisa imicabango yakhe emkhulekweni wokuthi: "UJehova wamazisa uMose izindlela zakhe, nabantwana bakwa-Israyeli izenzo zakhe. UJehova unobubele nesihawu; wephuza ukuthukuthela, kuvama umusa. Akathethi njalunjalo; akagcini intukuthelo yakhe kuze kube phakade. Akasiphathi njengokufanele izono zethu, akasivuzi njengokwamacala ethu. Ngokuba njengokuphakama kwezulu phezu komhlaba unjalo umusa wakhe phezu kwabamesabayo. Njengokuba impumalanga yahlukene nentshonalanga, udedisile kangaka kithi iziphambeko zethu. Njengoyise ehawukela abantwana bakhe, kanjalo uJehova uyabahawukela abamesabayo. Ngokuba uyakwazi ukubunjwa kwethu; uyakhumbula ukuthi siluthuli," (AmaHubo 103:7-14).

Okulotshiwe lapha eTestamenteni elidala kuyahlanganiswa kahle futhi ekugcineni kwenhloko yokuqala yeKhathekeisemu elincane likaDr. Martin Luther:

ISIGCINO SEMIYALELO EYISHUMI - Uthini uNkulunkulu ngalemiyalelo yonke na?

Uthi: Mina-Jehova, uNkulunkulu wakho, nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuze kube-sezizukulwaneni sesithathu nesesine kwabangizondayo; kodwa labo abangithandayo nabagcina imiyalelo yami ngibenzela umusa ezizukulwaneni eziyinkulungwane.

Lokhu kusho ukuthini na? Kuthi: UNkulunkulu usongela ukubajezisa bonke abeqa lemiyalelo; ngakho kufanele impela ukuba siyesabe intukuthelo yakhe, singaphambani nalemiyalelo. Kodwa uyabathembisa bonke abayigcinayo imiyalelo leyo: umusa nakho konke okuhle; ngakho-ke asomthanda, simethembe, sijabulele ukwenza njengokusho kwemiyalelo yakhe.

Siyafunda lapha ukuthi umusa kaNkulunkulu mukhulu kunolaka lwakhe, ububele bakhe bukhulu kunentukuthelo yakhe. Isihe nothando lwakhe kuyasithwala isizwe sakhe. Ubumnene nesihawu sakhe kuyasihawukela, kuyasilondoloza thina sonke kuze kube namuhla. Kuliqiniso. Kuyisimangaliso esingakhulumekiyo, kodwa kunjalo. Yebo, izintaba zingamuka, namagquma angasuswa, kepha umusa wami awuyikumuka kuwe, nesivumelwano sami sokuthula asiyikususwa, usho uJehova okuhawukelayo. Umusa wakhe kuyamsindisa uMose nesizwe sakhe, nanamuhla. Ngakho lokhu asomesaba, simthande, simethembe uNkulunkulu phezu

kwezinto zonke. Kuyafuneka ukuba singadlali nokubekezela nomusa wakhe, kepha simhloniphe, singadeleli intando yakhe, kodwa simbonge, simdumise, simkhonze, simlalele.

Kuluthando lwakhe olungaqondakaliyo, olusithumela iNdodana yakhe ethandekayo ezelwe iyodwa ukuba sibe-ngabantwana bakhe kanye nayo, sibe-ngabantwana bakhe ngenxa yayo. Kuluthando lwakhe, olusipha uMsindisi wethu uJesu Kristu ukuba sihlengwe, sikhululwe emandleni omubi, emandleni esono, emandleni okufa. Uthando lwakhe luyisipho sezulu. Yebo, uthando lwakhe luyinhlanhla nenduduzo yethu nethemba lethu elilodwa. UMhlengi noMkhululi wethu ukhona, uyasihawukela, uyasithethelela izono zethu ukuba singalahlwa, ukuba singabhujiwa phakade kodwa siphile lapha nalé kwelizayo. Iphistola lethu lanamuhla liyasivusa ukuba sizinikele ngokuzithoba, sizithobe ngokuzinikela. NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novamé ubumnene neqiniso, ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine.

Abasha bethu bayafundani kithi na? Okuhle noma okubi na? Isono siyabeletha isono. Ngibonile lokhu emsebenzini wami wokubahambela abayiziboshwa ezafihlwa, ezavalwa etilongweni. Kuyaklebula inhliziyo. Kuyadabukisa umphefumulo. Ningaduki; uNkulunkulu akahlekwa, ongayikuyekela onecala. Ngokuba lokho akuhlwanyelayo umuntu, lokho wokuvuna: Indaba yemilanjwana, indaba yezidakwa, indaba yamasela, indaba yezifiso neyezinkanuko zethu, indaba yenzondo neyentukuthelo yethu, indaba yokuhlambalaza neyokuhleba kwethu, indaba yezono zethu, indaba yezoni, indaba yakho nendaba yami.

IZwi likaNkulunkulu liyasimisa thina sonke ukuba sizibuze, sizihlolisise ekukhanyeni phambi kobuso bakhe: We' muntu-ndini, ak' uhlole isikhundla sakho ngayo imyalelo eyishumi, ingabe unguyise, unina, indodana, indodakazi, inkosi, inkosikazi, inceku, ingabe bewungaleli, bewungathembekile, bewuvilapha, bewunolaka, bewunobuchwensa, bewuthanda ukuxabana na; ingabe awudabukisanga-muntu ngamazwi kumbe ngezenzo; ingabe awebanga, awudebeselanga, awuhlaphazanga, awonanga na? Uma sizivuma izono zethu, uthembekile uNkulunkulu ulungile ukuba asithethelele izono, lisho njalo iZwi leNkosi. Ngiyakhumbula ngamahloni obuso nangamahloni enhliziyo amazwi omthelisi ethempelini, yena emi kude, wayengafuni nakuphakamisela amehlo akhe ngasezulwini, kodwa washaya isifuba sakhe, ethi: Nkulunkulu, ngihawukele mina-soni. Onezindlebe zokuzwa, makezwe! Ngakho-ke, bazalwane, masiphenduke, sicele intethelelo, silungise izindaba zethu, isikhathi sisekhona, simlandele

uMsindisi wethu ngobuqotho nangentokozo ukuba abasha bethu bafunde kithi, yebo, bafunde kanye nathi indlela yeNkosi, indlela yokukhanya, indlela yokukholwa, indlela yokusindiswa, indlela yomthetho neyeVangeli.

UNkulunkulu wethu akasiyeki, uyasifunisisa, uyasibiza, uthi: Bheka, ngiyenza isivumelwano; phambi kwabantu bonke bakho ngiyakuzenza izimangaliso ezingazange zenziwe emhlabeni wonke nakusiphi isizwe; bonke abantu okhona phakathi kwabo bayakuwubona umsebenzi kaJehova, ngokuba kuyesabeka lokhu engikwenza kuwe. Umphostoli uPawulu uyahlanganisa lokhu ngokuthi: Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko sande; kodwa lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi, ukuze njengalokho isono sabusa ngokufa, nomusa ubuse kanjalo ngokulunga, kube ngukuphila okuphakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Siyakubonga, Nkosi Kristu. Sihawukele, Nkosi Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu othandekayo osezulwini, siyabonga iZwi lakho elingcwele elisivusa, elisiqinisa, elisisiza, elisiduduza thina. Siyakubonga ngenhliziyo yonke ukuba usithumele uMsindisi uJesu Kristu, ukuba abe-ngumfowethu osihawukela thina ngokuthethelela izono zethu zonke. Gcwalisa izinhliziyi zethu ngoMoya wakho oNgcwele ukuba sizwe silamukele iZwi lakho ngokuzithoba nangentokozo. Nkosi, uma sifumene umusa emehlweni akho, iNkosi mayihambe iphakathi kwethu, ngokuba singabantu abantamo ilukhuni; usithethelele ububi bethu nokona kwethu, usithabathe sibe-yifa lakho. Sise ukuba siqhubeke ukukulandela wena ngesibindi nangobuqotho, size sigcine ngokumuka okubusisiweyo, sifinyelele embusweni wakho waphakade, lapho izoba khona ukuthokoza okungapheliyo, ngaye uJesu Kristu ongukulunga kwethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 178/171

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. G. Tiedemann.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.